# LRAD

DEPARTMENT: AGRICULTURE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## *UKWABIWA KOMHLABA NGEZINHLOSO ZOKUTHUTHUKISWA KWEZOLIMO*

**ISANDULELO**

Incwajana yolwazi ngeLRAD inikeza izimpendulo ezilula ngemibuzo evamise ukubuzwa. Ngaphezu kwalokho, le ncwajana yenzelwe ukusiza abangahle bahlomule usizo kanye nabathengisi, ukuba baqonde izisekelo kanye nezidingo okumele zeneliswe ukuze basizakale ohlelweni ukusuka kunoma yiliphi iphuzu, kungaba ngumthengisi, ophathele abathile noma osizwayo.

Le ncwajana ayenzelwe ukuba ithathe indawo yombhalo wenqubomgomo (LRAD) noma indawo yencwadi yokuchasisisa yalolu hlelo, kepha imane ikhona ukuba yengeza futhi ibonelele abantu abeswele amakhono okuqondisisa imicabango ebanzi kakhulu, noma labo bantu abamane bedinga izimpendulo ezisheshayo ngemibuzo ebalulekile.

**1. Luyini uhlelo lweLRAD?**

Uhlelo lokwaBiwa koMhlaba ngezinhloso zokuThuthukiswa kwezoLimo lwahlelelwa ukusiza izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ezazingabonelelwa ngaphambili, eziqhamuka emiphakathini yabaNsundu, amaKhaladi namaNdiya, ukuba zithenge umhlaba noma izinto zokusebenza zokulima, ikakhulukazi ngezinhloso zezolimo.

**2. Lubasiza kanjani abantu?**

Iningi labantu bakithi alunayo imali eyenele yokuthenga umhlaba ngezinhloso zokulima. Lolu hlelo seluzosiza ngokwenza ukuthi kutholakale imali ethile kubafakizicelo abaphumelele, ukubasiza bengeze kulokho asebenakho ukuthenga umhlaba wokulima. Lokhu kuzokwenziwa ngeminikelo yokusiza kahulumeni, ezonikezwa ngokulandela imigomo ethile.

**3. Uyini umnikelo wokusiza weLRAD?**

Uyindlela yokunika izimali noma umnikelo kahulumeni wemali ongabuyiswa, owenzelwe ukusiza abahlose ukuba ngabalimi ukuba bathenge umhlaba.

**4. Ngabe ngizothola malini?**

Kuzosetshenziswa ifomula ukuthola ukuthi umuntu ngamunye uzothola malini. Le fomula yesekelwe ekuthini umuntu uyonikela okungakanani mayelana nokuthengwa kwengxenye ethile yomhlaba noma ekuthengweni kwamathuluzi okusebenza epulazini (imali engumnikelo womuntu luqobo lwakhe), yesekelwe futhi kulokho okuyoba ngumnikelo womuntu mayelana nakufakayo okuzosetshenziswa emisebenzini yokulima kuleyo ngxenye yomhlaba (umnikelo ongeyona imali kepha ongokunye), noma-ke yesekela kunhlanganisela yalokhu okubili.

Inani lemali lizobe selinqunywa ngokulandela isibalo esiphelele esiyisamba salokho okungumnikelo womuntu luqobo lwakhe. *Bheka ithebula 1.*

**5. Uyini umnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe?**

Umnikelo wokusiza uyosebenza kuphela njengokugcwalisela kulokho umfakisicelo asuke esenakho. Umnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe, ngakhoke uyimali umfakisicelo okumele ayilethe kulokho okwenziwayo, izoba yingxenye yalo lonke iphakethe lemali, okungukuthi umnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe + nomnikelo wokusiza.

**6. Ngabe kwemukelwa imali engukheshi kuphela njengomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe?**

Kunezindlela eziningi okungenziwa ngazo umnikelo ongowomuntu uqobo lwakhe, okuyilezi,

***(a) Umnikelo ongukheshi***

Umfakisicelo anganikela ukusuka ebuncaneni bemali obuyi- R5000, okuzobe kulungela umnikelo wokusiza ohambelana nakho oyi-R20 000 kuze kufike esibalweni esikhulu esiyi-R400 000, eyobe isilungela ukuthola inani lo mnikelo wokusiza ohambelana nakho oyi-R100 000.

***(b) Umnikelo okungesiyo imali***

Kunezindlela eziningi onganikela ngazo okungeyona imali, okuyilezi -

Impahla, imishini, izinto ezisetshenziswayo nemfuyo: Lezi zinto ziyolinganiswa nenani lazo langaleso sikhathi bese kusetshenziswa isibalo esiphelele sazo njengomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe.

***(c) Umnikelo ongukusebenza***

Noma yiliphi inani lesibalo elingukusebenza lizolinganiswa lifike ezingeni lobukhulu obuyi-R5000 umnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe.

**7. Yiziphi izimpahla ezingasetshenziswa njengomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe?**

Yizimpahla zezolimo ezikhona, eziyingxenye esemqoka ekusetshenzisweni komhlaba ozotholwa ngokusebenzisa
uhlelo.

**8. Yiziphi izimpahla ezingenakusetshenziswa njengomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe?**

(a) **Ngumhlaba** owatholwa ngomnikelo wokusiza owatholwa ngaphambili, ngokubuyiselwa komhlaba, ngomnikelo wokuthi usuhlale futhi usebenza kuleyo ndawo isikhathi eside, njengesipho, njll.

**9. Kwenzekani uma ngabe angikaqedi ukukhokhela ezinye zezimpahla zami?**

Izikweletu ezisasele zempahla yezolimo azizukuba namphumela ekubolweni njengomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe.

**10. Ingubuncane noma ubukhulu obungakanani imali engahle itholwe ngumuntu, futhi uyini umnikelo ohambelana nayo?**

Imali engubuncane obuyi-R20000 izodinga ubuncane obuyi-R5000 obungumnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe (imali engukheshi noma okunye okungeyona imali. Ubukhulu obuyi-R100 000 buzodinga umnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe obukhulu bawo obuyi-R400 000. Phakathi kwamanani amancane kanye namakhulu, kunamanani omnikelo wokusiza akhona, kwencike emnikelweni womuntu obambe iqhaza. (Bheka isikali somnikelo wokusiza kanye nomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe).

**11. Kungani uma imali efakwa ngumuntu ingaphansana kuba nereshiyo eliphakeme lomnikelo wokusiza kunalapho kuqhathaniswa khona nomnikelo omkhudlwana?**

Lolu hlelo luqondiswe ekusizeni abantu abampofu. Isikali somnikelo wokusiza sihlelwe ngendlela yokuthi uma incane imali onayo kube nosizo olukhulu uma kwqhathaniswa nomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe. Lokhu kuvela uma kuqhathaniswa nalokho okungatholwa ngumuntu onomnikelo omkhudlwana.

**12. Yini okuyomele ngiyisebenzisele umnikelo wokusiza?**

(a) Ukuthola umhlaba

(b) Ukwenza ngcono umhlaba, ukutshala izimali kuzingqalasizinda, impahla eyimali kanye nezinto zezolima ezidingeka esikhashaneni esiseduze.

**13. Yimuphi umnyango/iminyango ebhekene nohlelo?**

Iminikelo yokusiza izonikezwa nguMnyango kaZwelonke wezoMhlaba, kepha yomibili iminyango, owezoMhlaba nowezoLimo, izosebenza ngokubambisana ukubona ukuqubeka kohlelo ukusuka ekuqaleni kuze kube sekupheleni.

**14. Ngobani okumele bafake izicelo?**

Kumele

- ube yilungu leqembu elalincishwe amathuba ngaphambilini (abaNsundu, amaKhaladi noma amaNdiya)
- ube neminyaka eyi-18 noma ngaphezulu
- ube nenhloso yokuthi umhlaba lowo uwusebenzisele izinhloso zokulima zodwa
- ube nenhloso yokuba ngumlimi osebenza lowo msebenzi wodwa (ngaphandle kwamaprojekhthi avikelwe)
- kungabikho sikhundla onaso ngaphakathi kwemisebenzi kahulumeni
- uzimisele ukuhlanganyela ohlelweni lokuqeqeshwa ngemuva kokutholwa komhlaba
- ukwazi ukuthi wenze umnikelo ongowakho
- nibe yinhlangano ehlelekile uma ngabe nifaka isicelo njengeqembu
- ube ne-akhawunti yasebhange.

**15. Ayini amaprojekhthi avikelwe?**

Uhlelo lweLRAD lwenziwe ngendlela yokuthi abazuzayo bakwazi ukungena ohlelweni emabangeni ahlukahlukene okukhiqiza, okuyilawa:

***(a) Amaprojekhthi avikelwe***

Leli yizinga lapho abasizwayo bethola kulo umhlaba ukuze bakhiqizele ikakhulukazi ukuzidlela.

***(b) Izinhlelo zokulinganisa (ama-***equity scheme)

Ilungu ngalinye leqembu, liyonikela inani elithile ukuze kutholwe umnikelo wokusiza. Ngenxa yalokho, ilungu nelungu lizoba nephesenti elithile (isheya) leprojekhthi, kuye ngezinga lomnikelo walo. Leli sheya libizwa i-*equity,* futhi lizolingana nobungako bomnikelo womuntu ngamunye kanye nomnikelo wokusiza. Laba baninimasheya bazoba yikho kokubili ukuba ngabanikazi abahlangene, futhi babe ngabasebenzi bepulazi.

***(c) Ukukhiqizela izimakethe***

Abanye abantu bazongena ohlelweni ezingeni eliphakeme kakhudlwana kunalabo abaphawulwe ngenhla. Laba bantu kungenzeka babe nolwazi lwangaphambili lwezokulimo. Bangabuye babe nendlela yokuthola imali eyengeziwe ngokusebenzisa izimali ezejwayelekile ezetshelekwa emabhange. Bangaba nezimpahla zabo kanye nemali engukheshi ukuthenga amapulazi amakhulu bese kuthi ngenxa yalokho bakwazi ukusebenzela ezingeni elikhulu impela uma liqhathaniswa namanye.

***(d) Ezolimo ezindaweni ezihlanganyelwe ngabantu abaningi***

Abantu abaningi ezindaweni ezihlanganyelwe, sebenawo umhlaba abangawusebenzisela ezolimo, kodwa okungenzeka ukuthi abanayo imali yokuqala ukusebenzisa lowo mhlaba ngempumelelo, labobantu bazovunyelwa ukuba bafake izicelo zosizo ukuze baqale izindlela zokutshala imali ngempumelelo kulowo mhlaba. Lezi zinhlobo zamaprojekthi zingaba sohlangothini olukhiqiza kancane (amaprojekthi avikelwe) noma zibe koluphezulu (ukukhiqizela izimakethe).

**16. Nhloboni yomhlaba engivunyelwe ukuyithenga ngaphansi kwalolu hlelo?**

Noma yimuphi umhlaba wokulima eNingizimu Afrika, kunganakiwe ukuthi usesimweni esinjani mayelana nokuhlala nokusebenza kuwo, uthathwa njengolungele lokwabiwa kabusha ngaphansi kwalolu hlelo, ngaphandle komhlaba ongaphansi kwabantu abawuhlanganyele ezindaweni ezazingozibuse esikhathini esedlule.

**17. Ngabe umuntu angawuthola umhlaba kodwa abe eqhubeka esebenza kwenye indawo?**

Esinye sezidingo ngukuthi umfakisicelo kumele azinikele kwezolimo isikhathi sakhe ngokugcwele, ngaphandle kwalabo balimi abakhiqizela ikakhulukazi uzidlela.

**18. Kuyokwenzekani ngemuva kokuba ngithole umhlaba? Nhloboni yosizo engiyoluthola kuhulumeni?**

Umnyango wezoLimo unohlaka lwezinsizakalo zokuxhasa asebewutholile umhlaba ukuze lusize abalimi. Ukuqeqeshwa kuzokwenziwa ezikhathini ezivelayo futhi neziphathimandla ezizosebenza phakathi kwabantu labo, zizoba khona kuzo zonke izifunda ukunikeza usizo lwezobuchwepheshe kubo bonke abalimi, abafufusayo kanye nabasebenzela intengiso.

**19. Yimiphi imibhalo ezolindelwa iqhamuka kimi?**

• Isiphakamiso ngokusetshenziswa komhlaba/ipulani yepulazi (isiphakamiso seprojekthi

• Ithuba lokuthengisa ngentengiso evunyiwe, uma ngabe uqashile ube unikezwe nethuba lokuthi ungathenga.

• Uhla lwamalungu ekhaya noma amalungu eqembu, uma ngabe isiphakamiso kungeseqembu.

• Isiqiniseko sokuthi itayitela lomhlaba licacile, likhululekile emibangweni yezomhlaba, libhaliswe egameni lomthengisi kanye nesiqiniseko sokuthi intengo okuvunyelwene ngayo ayikho ngaphezulu kwentengo yamanani abekiwe emakethe.

• Ubufakazi bokutholakala kwezinsalela zemali okuzothengwa ngayo (izimali zakho noma inkontileka yemali engahle itshelekwe)

• Umbiko wemali elinganisiwe ngomhlaba lowo

**20. Ngingaya kuphi ukuthola usizo mayelana nokulungiswa ngendlela efanele kwemibhalo engenhla?**

Abafakizicelo bangazenzela konke ukuhlela bona luqobo lwabo, noma bangakhetha ukwemukela usizo losebenza ngezokuhlela. Akuyona impoqo ukusebenzisa umsizi uma ubona ukuthi ungenza futhi ugcwalise zonke izidingo. Iziphathimandla zesifunda nazo ziyobasiza abafakizicelo uma kunesidingo.

KUma ubona kungcono ukusebenzisa umuntu osebenza ngezokuhlela, ungakwenza lokho ngokuthi uthole uhla lwabasizi labo, emahhovisi esifundazwe okuhlanganiswa komhlaba noma emahhovisi esifundazwe ezolimo. Laba basizi bazobe sebenza wonke umsebenzi odingekayo bese kuba khona imali engumnikelo obekelwe ukuhlela ezoba yinkokhelo yabo.

**ITHEBULA 1** Isikali somnikelo wokusiza kanye nomnikelo ongowomuntu luqobo lwakhe

| Umnikelo ongowomuntu | | **10 000** | **20 000** | **30 000** | **40 000** | **50 000** | **60 000** | **70 000** | **80 000** | **90 000** | **100 000** |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | 25 798 | 33 278 | 38 622 | 42 926 | 46 592 | 49 819 | 52 721 | 55 371 | 57 819 | 60 100 |
| **1000** | | 26717 | 33880 | 39090 | 43317 | 46932 | 50122 | 52996 | 55624 | 58054 | 60320 |
| **2000** | | 27585 | 34463 | 39548 | 43702 | 47268 | 50422 | 53269 | 55875 | 58287 | 60539 |
| **3000** | | 28408 | 35031 | 39998 | 44081 | 47600 | 50720 | 53540 | 56125 | 58519 | 60756 |
| **4000** | | 29192 | 35583 | 40439 | 44455 | 47928 | 51014 | 53808 | 56372 | 58750 | 60972 |
| **5000** | 20000 | 29941 | 36120 | 40871 | 44823 | 48252 | 51305 | 54074 | 56618 | 58978 | 61187 |
| **6000** | 21385 | 30659 | 36644 | 41296 | 45187 | 48572 | 51594 | 54337 | 56861 | 59206 | 61400 |
| **7000** | 22631 | 31350 | 37156 | 41714 | 45545 | 48889 | 51879 | 54599 | 57103 | 59431 | 61612 |
| **8000** | 23768 | 32015 | 37655 | 42125 | 45899 | 49202 | 52162 | 54858 | 57343 | 59656 | 61823 |
| **9000** | 24819 | 32657 | 38144 | 42528 | 46248 | 49512 | 52443 | 55116 | 57582 | 59879 | 62033 |

| Umnikelo ongowomuntu | **110000** | **120000** | **130000** | **140000** | **150000** | **160000** | **170000** | **180000** | **190000** | **200000** |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| - | 62241 | 64262 | 66180 | 68006 | 69751 | 71424 | 73032 | 74582 | 76077 | 77524 |
| **1000** | 62448 | 64458 | 66366 | 68184 | 69921 | 71588 | 73190 | 74733 | 76224 | 77666 |
| **2000** | 62654 | 64654 | 66552 | 68361 | 70091 | 71751 | 73347 | 74885 | 76371 | 77808 |
| **3000** | 62859 | 64848 | 66736 | 68537 | 70260 | 71913 | 73503 | 75036 | 76516 | 77949 |
| **4000** | 63063 | 65041 | 66920 | 68713 | 70428 | 72075 | 73659 | 75186 | 76662 | 78090 |
| **5000** | 63266 | 65233 | 67103 | 68888 | 70596 | 72236 | 73814 | 75336 | 76807 | 78230 |
| **6000** | 63467 | 65424 | 67285 | 69062 | 70763 | 72396 | 73968 | 75485 | 76951 | 78370 |

| | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **7000** | 63668 | 65614 | 67467 | 69235 | 70929 | 72556 | 74123 | 75634 | 77095 | 78510 |
| **8000** | 63867 | 65804 | 67647 | 69408 | 71095 | 72715 | 74276 | 75782 | 77239 | 78649 |
| **9000** | 64065 | 65992 | 67827 | 69580 | 71260 | 72874 | 74429 | 75930 | 77382 | 78788 |

| Umnikelo ongowomuntu | **210000** | **220000** | **230000** | **240000** | **250000** | **260000** | **270000** | **280000** | **290000** | **300000** |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| - | 78926 | 80286 | 81608 | 82893 | 84145 | 85366 | 86558 | 87722 | 88860 | 89973 |
| **1000** | 79064 | 80420 | 81738 | 83020 | 84269 | 85487 | 86675 | 87837 | 88972 | 90083 |
| **2000** | 79201 | 80553 | 81867 | 83146 | 84392 | 85607 | 86793 | 87951 | 89084 | 90193 |
| **3000** | 79338 | 80686 | 81997 | 83272 | 84515 | 85727 | 86910 | 88066 | 89196 | 90302 |
| **4000** | 79475 | 80819 | 82126 | 83398 | 84637 | 85846 | 87027 | 88180 | 89308 | 90412 |
| **5000** | 79611 | 80951 | 82255 | 83523 | 84760 | 85966 | 87143 | 88294 | 89419 | 90521 |
| **6000** | 79747 | 81083 | 82383 | 83648 | 84882 | 86085 | 87259 | 88408 | 89531 | 90630 |
| **7000** | 79882 | 81215 | 82511 | 83773 | 85003 | 86203 | 87375 | 88521 | 89642 | 90738 |
| **8000** | 80017 | 81346 | 82639 | 83898 | 85125 | 86322 | 87491 | 88634 | 89752 | 90847 |
| **9000** | 80152 | 81477 | 82766 | 84022 | 85246 | 86440 | 87607 | 88747 | 89863 | 90955 |

| Umnikelo ongowomuntu | **310000** | **320000** | **330,000** | **340,000** | **350000** | **360000** | **370000** | **380000** | **390000** | **400000** |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| - | 91063 | 92131 | 93178 | 94206 | 95214 | 96204 | 97177 | 98134 | 99074 | 100000 |
| **1000** | 91171 | 92237 | 93282 | 94307 | 95314 | 96302 | 97274 | 98228 | 99168 | |
| **2000** | 91278 | 92342 | 93385 | 94409 | 95413 | 96400 | 97370 | 98323 | 99261 | |
| **3000** | 91386 | 92447 | 93489 | 94510 | 95513 | 96498 | 97466 | 98418 | 99354 | |
| **4000** | 91493 | 92553 | 93592 | 94611 | 95612 | 96595 | 97562 | 98512 | 99446 | |
| **5000** | 91600 | 92657 | 93694 | 94712 | 95711 | 96693 | 97657 | 98606 | 99539 | |
| **6000** | 91707 | 92762 | 93797 | 94813 | 95810 | 96790 | 97753 | 98700 | 99632 | |
| **7000** | 91813 | 92866 | 93899 | 94913 | 95909 | 96887 | 97848 | 98794 | 99724 | |
| **8000** | 91919 | 92971 | 94002 | 95014 | 96008 | 96984 | 97944 | 98888 | 99816 | |
| **9000** | 92025 | 93075 | 94104 | 95114 | 96106 | 97081 | 98039 | 98981 | 99908 | |

UBUKHULU BOMNIKELO WOKUSIZA UHAMBISANA NOMNIKELO ONGOWOMUNTU UQOBO LWAKHE

| | **20000** | **30,000** | **40,000** | **50,000** | **60000** | **70000** | **80,000** | **90,000** | **100000** |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| - | 5000 | 15080 | 33005 | 60596 | 99548 | 151463 | 217,873 | 300245 | 400000 |
| **1000** | 5710 | 16489 | 35301 | 63953 | 104130 | 157427 | 225368 | 309415 | |
| **2000** | 6481 | 17977 | 37695 | 67425 | 108844 | 163538 | 233024 | 318761 | |
| **3000** | 7315 | 19549 | 40189 | 71014 | 113690 | 169796 | 240843 | 328283 | |
| **4000** | 8214 | 21204 | 42784 | 74722 | 118671 | 176204 | 248825 | 337983 | |
| **5000** | 9180 | 22945 | 45484 | 78550 | 123788 | 182763 | 256974 | 347863 | |
| **6000** | 10214 | 24774 | 48289 | 82499 | 129042 | 189474 | 265289 | 357923 | |
| **7000** | 11320 | 26693 | 51201 | 86572 | 134435 | 196339 | 273772 | 368166 | |
| **8000** | 12498 | 28703 | 54222 | 90770 | 139969 | 203360 | 282425 | 378592 | |
| **9000** | 13751 | 30807 | 57353 | 95095 | 145644 | 210537 | 291249 | 389203 | |

*Ngenxa yokuthi uhlelo kuhloswe ukuba lusebenze esikhathini esiyiminyaka eyi-15 ukuya ku-20 iminikelo yokusiza ngaphansi kohlelo lolu izokhonjiswa ngokobungako bangempela beRandi*

## 21. Ngabe ngizoqala kanjani kulokhu?

Shayela lapha - (012) 319 7020 noma uthintane namahhovisi aseduze nawe esiFundazwe ezoMhlaba noma ezoLimo angezansi.

**Iminyango yesifundazwe yezoLimo neyezoMhlaba**

| **Isifundazwe** | **Umnyango** | **Umuntu ongaxhumana naye** | **Iinomobolo yocingo** |
|---|---|---|---|
| iGauteng | EzoLimo | V. Titi | 011-355 1317 |
| | EzoMhlaba | M. Ndlela | 012-310 6500 |
| iMpumalanga | EzoLimo | R. Matare | 013-755 4721 |
| | EzoMhlaba | A.van der Merwe | 013-755 3499 |
| iFulejisitata | EzoLimo | M.B. Motsie | 051-8611258 |
| | EzoMhlaba | W. Barnes | 051-400 4200 |
| iKwaZulu-Natali | EzoLimo | W. Urquhart | 033-343 1397 |
| | EzoMhlaba | M. Shabane | 033-355 4300 |
| iNyakatho Ntshonalanga | EzoLimo | Mr Seobi | 018-389 5723 |
| | EzoMhlaba | P. Mongae | 018-384 2437 |
| iNyakatho Koloni | EzoLimo | F. du Toit | 053-838 9111 |
| | EzoMhlaba | O. Mvula | 053-831 4090 |
| iNyakatho | EzoLimo | J. Thupane | 015-295 7090 |
| | EzoMhlaba | E. Letsoalo | 015-297 3539 |
| iNtshonalanga Koloni | EzoLimo | I. Olckers | 021-808 5103 |
| | EzoMhlaba | S. Middleton | 021-426 2947 |
| iMpumalanga Koloni | EzoLimo | Mr Pityi | 040-609 3532 |
| | EzoMhlaba | M. Kenyon | 043-743 4689 |

**2001**

Compiled by Directorate Farmer Settlement and Development
Printed and published by Department of Agriculture, Directorate Communication
and obtainable from Resource Centre, Private Bag X144, Pretoria, 0001South Africa